## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuphendula imibuzo.

2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI

   ISIQEPHU A: Umdlalo (Kusa kusa) (35)

   ISIQEPHU B: Amanyala enyoka(Icala kaliboli) (35)

3. Phendula YONKE imibuzo kuleli phepha.

   ISIQEPHU A: UMDLALO (KUSA KUSA)

   ISIQEPHU B: AMANYALA ENYOKA

4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni le mibuzo.

5. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.

6. QALA ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

   OKUQUKETHWE:
   Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| ISIQEPHU A: UMDLALO KUSA KUSA<br>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
|---|---|---|
| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
| *1. Kusa Kusa* | 35 | 3 |
| ISIQEPHU B: INOVELI<br>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
| *2. Amanyala enyoka* | 35 | 6 |

**ISIQEPHU A: UMDLALO**

**UMBUZO 1: KUSA KUSA -S.P. Nhleko**

1. **Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.**

| | |
|---|---|
| **VUSI:** | *(Ngakusasa)* Ngafika kahle uwasha. Nami sengizosale sengilanda eyami, uthi ukungithintela yona. *(ahlale phansi eduze kukaZenzile.)* |
| **ZENZILE:** | *(Ngokucasuka)* Imihlola yami! Sengizohambe ngiwashela yonke imiphuphe le. Uhlezi uwashelwa ngubani ngezinye izinsuku? Hamba uyoyinika yena. Ungazongicasula lapha mina, |
| **VUSI:** | *(Ngokuzithoba)* Hawu bengizincokolela nje Zenzile. Kanti awusadlaliswa yini? |
| **ZENZILE:** | Bengithe ngifuna ukudlaliswa nguwe yini? Baningi abangangidlalisa, angibaswele. |
| **VUSI:** | Hawu! Kwenzenjani? Wanolaka olungaka namhlanje? |
| **ZENZILE:** | *(Enganake nakunaka)* Ulaka lwani. Usuka le kini uzobona abanolaka lapha? |
| **VUSI:** | Inkosi impela **uloywe ngami**! Umthetho wakho ungicuphile? |
| **ZENZILE:** | Ngicuphe into yokucushwa. |
| **VUSI:** | Kanti umthetho wakhona yini inkinga yakho? Awungitshele kahle. |
| **ZENZILE:** | *(Ehlinile)* Uma ungibheka ungibona nginenkinga? Anginankinga mina. Mhlawumbe inkinga ingakuwe. |
| **VUSI:** | *(Esekhuluma ekhululekile engasenandaba.)* Le nto yakho ekuphethe ikuqale ngoLwesine njengoba uphuze ukubuya emsebenzini. |
| **ZENZILE:** | Ngiyasebenza phela mina. Ngenza ama *overtime* ngoba ngifuna imali. |
| **VUSI:** | Nxese ntombi bengingazi. Ngihlale isikhathi eside ngikulindile. |
| **ZENZILE:** | Ubungilindele nani? Kukhona yini obufuna ukungipha khona njengoba ukhala ungashayiwe. |
| **VUSI:** | Emhleni ngiyaye ngikulinde uma kukhona engizokupha khona yini? Okokuqala nje sihlale noNomcebo sikulindile ngaze ngahamba ngoba bengijahe ukusheshe ngilale ngoba bekufanele ngisheshe ngivuke ngakusasa. |

1.1 Bakuphi laba abaxoxayo esiqeshini esingenhla? (1)

1.2 UVusi benoZenzile lo axoxa naye lapha bazana kanjani? (2)

1.3 Kuzwakala sengathi ingxoxo yabo ikhombisa ukuthi abatholani kahle. Ngokwazi kwakho ngokwendaba kungani uZenzile embiza ngomphuphe uVusi? (2)

1.4 Ubani lo Nomcebo uVusi akhuluma ngaye lapha? (1)

1.5 Indlela uVusi aphendula ngayo ikhombisa ukuthi akanalo ulwazi lokuthi baxatshaniswe yini noZenzile. Vuma noma uphike bese usekela impendulo yakho ngephuzu **ELILODWA.** (2)

1.6 Tomula amagama alapha engxoxweni ashiwo uVusi akhombisa ukuthi akazi ukuthi baxabene noZenzile. (2)

1.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo, echaza isimo senkulumo esibhalwe ngamagama agqamile emshweni ongezansi.Bhala uphawu **KUPHELA.**

1.7.1 "Inkosi impela **uloywe** ngami!"

A. Waliswe
B. Uthakathwe
C. Utshelwe
D. Uxwayiswe (1)

1.8. Iluphi uhlobo lodweshu olutholakala kulesi siqephu esingenhla. Chaza ngephuzu **ELILODWA** ukuthi kungani uthi ilolo dweshu**.** (2)

1.9 Uma ubuka uNomcebo noZenzile njengoba beveziwe endabeni imuphi umehluko owubonayo phakathi kwabo bobabili? Chaza ngephuzu **ELILODWA** umuntu ngamunye. (2)

1.10 Isizinda senkathi asisebenzisile umlobi siyahambelana yini nendaba yonke. Fakazela impendulo yakho ngephuzu elichazayo **ELILODWA**.

(2)

1.11 Phendula ngokuthi **IQINISO** noma **IPHUTHA** embuzweni elandelayo.

1.11.1 USebenzile uyena owayefunele uZenzile isoka elisha. (1)

1.11.2 UVusi wayesemthembise ukumshada uZenzile uma ethola umsebenzi. (1)

1.11.3 Wake wathola itoho lokuyopenda uVusi kodwa kangaphumelela. (1)

**[20]**

**KANYE**

| | |
|---|---|
| **VUSI:** | Sanibonani zintokazi *(esho esondela ebaxhawula ngamunye ngamunye.)* Kusaphileka kodwa? Ngizwile nangengozi enivelele wena Sebenzile nawe Zenzile. Xolani zintokazi, uNkulunkulu uyakwazi akwenzayo. Nguye owazi ikusasa lomuntu |
| **ZENZILE:** | Siyabonga ngokuba uzihluphe uzosibona. Wenze kahle impela ngoba ubusungeke uphinde usibone. Siyahamba ngoMsombuluko. Ngeke siphinde sisabuya |
| **VUSI:** | Nami ngithe angizonibona, ngoba uNomcebo wayesengitshelile ngengozi eyanivelela. |
| ***ZENZILE:*** | *(Embuka ngokumntshontsha.) Siyazibongela* |
| **NOMCEBO:** | Uphumaphi nezimvilophi? |
| **VUSI:** | Ngiphuma ekhaya |
| **NOMCEBO:** | Pho uyoposela kuphi ngoba ngithi sekuvaliwe manje eposini? |
| **VUSI:** | Angiyile ukuyoposa, impendulo yalapho engangifake khona isicelo somsebenzi kanye nawe. |

1.12 Wayezwe kanjani uVusi ngengozi eyehlela uZenzile benoSebenzile? (2)

1.13 Kwabe kungeyani imvilophi eyayiphethwe nguVusi? (1)

1.14 Balimala beya kuyiphi indawo oZenzile noSebenzile? (2)

1.15 Babehamba nobani oZenzile noSebenzile ngenkathi belimala? (2)

1.16 Isicelo sikaVusi somsebenzi wasesibhedlela saphumelela yini? Veza ubufakazi bempendulo yakho ngephuzu **ELILODWA.** (2)

1.16 Isihloko salo mdlalo sihambisana kanjani nokwenzeka kuwona. Chaza ngephuzu **ELILODWA** isizathu sempendulo yakho. (2)

1.17 Ngokubona kwakho, ngabe wenza isinqumo esinomqondo yini uZenzile ngokuhlukana noVusi? Sekela impendulo yakho ngephuzu **ELILODWA.** (2)

1.18 Isiphi isifundo ositholile ngokufunda lo mdlalo? (2)

**[15]**

**AMAMAKI 20+15= 35**

## ISIQEPHU B : INOVELI

## UMBUZO 1 : AMANYAL' ENYOKA > Mandla Ndlovu

UPat owayengumali iyavuza wakhokha imali yokubambisa kuThiza. Ingxenye yemali esele kwavunyelwana ngokuthi izokhokhwa ezinyangeni ezintathu ezizolandela, ngemuva komshado.

Njengoba zaseziphelile lezo zinyanga yingakho-ke uThiza **wayeseyiphela endlebeni.** Engasadle nkobe zamuntu efuna imali yakhe ngoshova.
Kwase kuphele amasonto amabili enqumele uPat ugwayi katiki.

Kwakungokhandashisa bobabili njengoba uPat wayeshaya phansi ngonyawo ethi: inkomo ingazala umuntu, akukho mali wayikhokha la kanti noThiza ngapha usho amashushu ngemali yakhe.

Ngelanga lomshado, kwakuyizindimbane zabantu ehhotela elingundabuzekwayo i-Kismet, phakathi edolobheni. Kuningi okwakwenza ukuthi lo mshado uhluke kwemininingi eba sedolobheni laseMgungundlovu.

Izimoto zikanokusho ezazipake phambi kwehhotela zaziyixoxa yonke indaba. Indawo yokupaka engemumva kwehhotela yayigcwele inyinyitheka, yizimoto zamazinga ahlukene. Umgwaqo uLangalibalele wawusunesiminyaminya. Iphoyisa lomgwaqo yilo elase lilekelela ngokulawula izimoto, ezase zishaya uzamthilili.

Imibala eyayigqokwe izimenywa yayigqame bha, idonsa inkosi yezinyosi ile kude. Iningi lezithameli zazihamba ngababili. Kwakuxaka ngoba iningi labo babengobobulili obufanayo. Owesilisa nowesilisa nowesifazane nowesifazane! Kwakubanjwene eduze amanye amakhaphuli engenamahloni ngisho okwangana esidlangalaleni.

UThiza yena wayetheleke nenye yezintombi zakhe uZinhle enguphumalanga sikothe. Yayiziphophothe yazicwecwa amashiya usungafunga ukuthi yiyona eshadayo kanti lutho iyisimenywa. Umlomo wawupendiwe, idlubhe izingubo ezinombala ogqamile, ezazimenza agqame bha esixukwini. Imibala esengubeni yakhe yayimeshana naleyo eyayidlubhwe nguThiza owayevele engunontanda kubukwa.

### Imibuzo

2.1. UPat benoSindi babetholane kanjani njengoba sebeshada nje? (1)
2.2. Ubani owabe ehlele indumezulu yomshado kaSindi noPat? (1)
2.3. Babevumelene ngesikhathi esingakanani uPat noThiza ukuthi bakhokhelane yonke imali yokulungisela umshado? (2)
2.4. Kungani uThiza wayefuna imali yakhe ngoshova? (2)

2.5. UPat yini eyenza angasigcini isithembiso sakhe sokukhokha ngesikhathi ababevumelene ngaso noThiza? Bhala kube **KUBILI.** (2)

2.6. Wayenza msebenzi muni uPat njengoba wayenemali engaka? (2)

2.6 Funda isimo senkulumo esibhalwe ngamagama ahlukile bese ukhetha impendulo eyodwa kulezi ozingenzansi echaza into efanayo naso. Bhala uphawu **KUPHELA**

2.6.1 Ukuba iphela endlebeni kusho into efanayo nokuthi:

*a. Ukuba nolaka*
*b. Ukubekezela*
*c. Ukubelesela*
*d. Ukuthetha* *(1)*

2.7 Empilweni yakhe uSindi wayengeyena umuntu othandana nabantu abawubulili obufanayo nobakhe. Ngephuzu ELILODWA, bhala uchaze ukuthi pho yini eyamenza azithole eseshada nomunye umuntu wesifazane? (2)

2.8 Isihloko sale ndaba sihambisana kanjani nokwenzeka endabeni? (2)

2.9 Qondanisa ikholomu A nekholomu u B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 1.1. UTebza | a. Indodana kaPat |
| 1.2. UThiza | b. Ummeleli wendaba |
| 1.3. UPat | c. Isoka likaSindi laseGoli |
| 1.4. UNjilo | d. Iphoyisa elabopha uPat |
| 1.5. ULindokuhle | e. Umhleli womshado |

**[20]**

**KANYE**

Lwamuthi heqe uvalo uPat waze waphaphatheka ebusweni. Wazikhuza esecishe waphendula kodwa wakhetha ukuthi abuzisise kuqala ukuze ezwe ukuthi uThiza wakuphi loyo. Impendulo wayithola ngokuphazima kweso.

"Ngisho uThiza Thusi waseSobantu kodwa osenomuzi e-Eastwood"
"Ya ngiyamazi. Ya ngimazi kakhulu" esho ingebhe idlala ngaye kushayana amadolo, kodwa ezama ukuziqinisa ngokunyakazisa imilenze.

"Umthetho wakho awumukhokheli ngani imali yakhe?" limbuza limshusha iphoyisa lansondo.

"Ey indaba ende Kaputeni. Udaba olude impela." Lumngenisisa uvalo uPat okwamakhaza ashubisa umnkantsha.

"Uyabona nje ziningi izinkinga osazongena kuzona wena. Ungizwa ngibuza uThiza nje ukuthi ekuseni kade esesiteshini ezovula icala lokuthi wena umkweleta izishaqane zemali..."

"Kahleni bo Kaputeni" wahlahla amehlo uPat waze wasondeza ubuso eduze kwephoyisa.

"Iqiniso. Angingabazi futhi ukuthi lelo cala lizophenywa yimina nalo" wazindondonya isifuba phezu kukathayi uKaputeni. "Yingakho nje ngithi ziningi izinkinga osazongena kuzona. Ngisho ungaphunyuka kuleli cala, nanti elinye liza emva kwakho" waphinda wamlunguza esibukweni.

"Eyi kunzima-ke uma kunjalo. UThiza usengaze angivulele icala ngento encane kanjena?" kubalisa uPat.

"Ungasho kanjani ukuthi yinto encane ekubeni wena uhluleka wukukhokhela leyo nto encane? UThiza angakuxolela kokunye, kodwa emalini, khohlwa, angakubulala ngisho nokukubulala,"

2.10 Obani abakhuluma esiqeshini esingenhla? (1)

2.11 Yini eyabe ishayisa uPat ngovalo? (2)

2.12 UPat wabe ebhekene naliphi icala? (2)

2.13 Hlobo luni lodweshu abhekene nalo uPat kulesi siqephu? Chaza. ngephuzu **ELILODWA.**

2.14 Ngokwazi kwakho kwabe kungamaphoyisa angempela yini lawa ayezobopha uPat? Sekela impendulo yakho ngephuzu **ELILODWA..**

2.15 UPat kwagcina kwenzekeni phakathi kwakhe noKaputeni owayezombopha? Chaza ngephuzu **ELILODWA.** (2)

2.16 Ngokwemigomo yenoveli, umlobi ukwazile yini ukusisebenzisa isingeniso ngendlela efanele. Chaza ngephuzu **ELILODWA**. (2)

2.17 Ngokwesizinda esimayelana nenhlalo, abantu abavezwe kule ndaba, baphila yiphi impilo? (2)

2.18 Uma ubuka uPat noSindi lo ashade naye aze adlule kulezi zimo adlula kuzo manje zikaThiza umshado wabo wawunaso yini isisekelo esiqinile? , (2).

2.19 Ngaphandle kokuphazanyiswa amaphoyisa uPat benoSindi yini enye eyawuphazamisa lo mshado wabo. Bhala kube kunye, (2)

**[15]**

**20+15=35**

**ISAMBA 35+35 =70**